

Iphupho lomdansi we-Bhaleyi

INDABA ELIQINISO

Ngu-Michaela no-Elaine DePrince

AMAPHUZU ABALULEKILE

- Indaba ekhuthazayo nethinta inhliziyo.
- Isibonelo somAfrika kuwo onke amantombazane aseNingizimu Afrika (nakubafana!)
- U-Michaela useke wavakasha eNingizimu Afrika. Ngo-2012 wamenywa yi-Joburg Ballet ezodansa ingxenye esemqoka
- Lencwadi ifundisa ngezinto eziningi ezisemqoka njengokuphikelela, ukuzinikela, ukuba nesibindi ezimweni ezinzima. Iyabonisa futhi ukuthi ungenza noma yini kungakhathaliseki ukuthi uphumaphi nokuthi umhlobo muni.

DESCRIPTION

"Ngelinye ilanga elinomoya, iphepha likamagazini lapheshulwa ngumoya lehlisa umgwaqo phambi kwesango. Ngelula isandla ngalithatha. Isithombe esihle sowesifazane sasisoqwembeni lomagazini. Wayegqoke ilokwana elifishanyana elibukhwebezane elalivulekile lenza isiyingi esimzungezile. Wayebukeka ejabule kakhulu."

Eneminyaka amithathu, uMichaela DePrince wathola isithombe somdansi we-bhaleyi esasizoguqula ukuphila kwakhe unomphelo. Ngaleyonkathi wayehlala endaweni ezintandaneni e-Sierra Leone, kodwa maduzane watholwa umndeni othile wayiswa eMelika.

Nakuba ekuqaleni wayengazi ukuthi i-bhaleyi iyini akasikhohlwanga isithombe somdansi we-bhaleyi ake wasibona. Wayefisa ukujabula njengalomdansi. Lapho umama owamtholayo ebona ukuzimisela kwakhe nge-bhaleyi, waqalisa ukumyisa ezifundweni ze-bhaleyi. Selokhu adansa kusuka lapho kuze kube manje.

UMichaela waqokwa njengomdansi osemqoka omncane kunabo bonke ku-Dance Theatre yase-Harlem. Manje udansa ne-Dutch National Ballet, inkampani ephezulu ye-bhaleyi yasemandulo.

UMichaela waba ngumlingisi oyinhloko ku-*First Position,* idokhumentari eyawina umklomelo. Usebonakale kaningi kuthelevishini kuhlanganise i-*Dancing with the Stars* ne-*BBC News.*

Ngo-2015, uhlelo lwethelevishini yase-Hollandi lwenza ukuthi uMichaela abonane okokuqala no-Magali Messac, umdansi we-bhaleyi owayesesithombeni.

YASHICILELWA NGO: Meyi 2017

INANI NGU: R120

ISBN: 978-1-86842-826-7

e-ISBN: 978-1-86842-829-8

AMAKHASI ANGU: 64

UBUKHULU NGU: 180 x 138 mm

NGABABHALI

U-MICHAELA DEPRINCE wazalwa ngo-1995 e-Sierra Leone. Ngemva kokufa kwabazali bakhe, uMichaela wahlala ezintandaneni lapho atholwa khona ngu-Elaine DePrince wamyisa eMelika ngo-1999.

Umama wakhe u-**Elaine DePrince**, abhale naye lencwadi, wamyisa ezifundweni ze-bhaleyi. Namuhla u-Michaela ungumdansi ongumpetha we-bhaleyi ne-Dutch National Ballet. Uye wavela futhi ku-albhamu yevidiyo ka-Beyoncé i-*Lemonade.*

Bheka futhi ku-www.michaeladeprince.com

JonathanBall*Publishers*

Imininingwane yokuxhumana
Ezokuhweba: Elmarie Stodart estodart@jonathanball.co.za
Ezokwazisa: Anje Niemandt anje.niemandt@jonathanball.co.za
Inkonzo yabathengi: 011 601 8000